



Ziyini izithombe zabanqunu (porn)?



- Igama lezithombe zabanqunu "pornography" lisuselwa emagameni esiGiliki athi: "porne" elichaza isifebe, umqwayizi noma unondindwa, kanye nelinye elithi: "graphos" elichaza umubhalo noma umdwebo.
- Uma siwahlanganisa-ke lawa magama, asinikeza incazelo ethi: "Imidwebo nencazelo ngezenzo zabaqwayizi."
- Isichazamazwi i-'Webster' siveza ngokusobala ukuthi igama lezithombe zabanqunu "pornography" lichaza ukuba nezinkanuko ngale ndlela yokuthi uze ulangazelele ucansi."

Zisebenza kanjani izithombe zabanqunu?



Izithombe zabanqunu zenza umzimba ukhiqize inqwaba yezidakamizwa zemvelo ezisemzimbeni,

- Idohamini** (dopamine) ekwenza uzizwe ujabule: yona-ke ithi ayifane ne cocaine.
- Inorepinefrini** (norepinephrine): yona ithi ayifane nesidakamizwa i-adrenalini eyenza igazi ligijime ngamawala kanti futhi yenza uphefumule ngamandla ngendlela engajwayelekile.

- Iserothoni** (serotonin): ithi ayifane neLSD, yona-ke inciphisa imithambo emzimbeni, iyenze izace.
- I-endofini** (endorphins): ithi ayifane nemofini (morphine) eyenza uphelelwe yizinhlungu emzimbeni.



Ucwaningo lusikhombisa ngokusobala ukuthi ukugqilazwa yizithombe zabanqunu kuholela ekutheni umzimba ukhiqize izidakamizwa **ezithi azifane nalezi ezitholakala emigwaqeni!**

Yiziphi izigaba zokubanjwa yizithombe zabanqunu?

(A) UKUKHUNGEKA

"Ushintsho lokuqala olwenzekayo, elokukhungeka kanzima. Ababuki bezithombe zabanqunu bayakhungeka. Uma nje bake bazimbandakanya nezinto ezibakhombisa izithombe zabanqunu, akube kusayekaka, bazithola sebelokhu bephindaphindela kuze kugcine kungasayekaki nhlobo. Izinto abasuke bezibuka, zibenza bavukelwe yizinkanuko eziyisimanga eziholela ekutheni baze bazithinte bona ezithweni zangasese, bezama ukwenelisa imizwa yabo".

"Uma sebesogibeni akube kusaba lula neze ngokwabo ukuthi bayeke ukubuka lokhu okusuke kubavezela izithombe zabanqunu yize kunemiphumelo eminingi imibi okubalwa kuyo isahlukaniso, ukulahlekelwa umndeni kanye nezinkinga zomthetho..."

(B) UKUBHEBHETHEKA

"Isigaba sesibili esezingeni lokubhebhethaka. Ekuhambeni kwesikhathi, umuntu ogqilazwe izithombe zabanqunu ugcina esengasaneliswa yilokhu asuke ekubuka, eselangazelela okunye okungamanyala kakhulu, okujulile futhi okuchaza kabanzi ngobunqunu kanye nokuphathelele nezocansi ukuze izinga lemizwa nezinkanuko zakhe lingehli.

(C) UKUNCISHELWA IMIZWA

"Isigaba sesithathu esokuncishelwa imizwa... Izithombe zabanqunu ngaphambilini, zazibukeka ziyinto ethusayo, zaziphambene namasiko, zaziphambene nomthetho, zazinyanyeka, zaziwubufebe, yize zazeza ulangazelele ucansi kuze kube manje ziyakwenza. Kodwa esikhathini samanje sezibonakala njengento eyamukelekile futhi eyejwayelekile".

(D) UKENZA WUCANSI

"Isigaba sesine esokubhebhethaka kokulangazelela ucansi njengoba umuntu esuke ebuka lokhu okumkhombisa izithombe zabanqunu, okubalwa khona ukungakwazi ukuzithiba, ukungazibambi, ukwenza ucansi neningi, ukwenza ucansi nezingane, ukunyukubeza kanye nokuzilimaza wena noma ulimaze lo osuke wenza naye ucansi".

Sexting...

Ukusebenzisa noma ukuthumela izithombe zocansi kuchaziwe kuma filimi nakumphakathi ukuthi.

Uyobekwa icala uma usabalalisa izithombe ezinqunu zomuntu ongaphansi kweminyaka engu 18.



Izibonelo zabasuke begqilazwe izithombe zabanqunu.

• UGary Bishop, Umbulalazwe

"Izithombe zabanqunu yizona ezaba nomthelela wokuthi ngizithole sengibishe odakeni ngibe sesimweni esicekeleke phansi ngale ndlela".

• UTed Bundy, Umbulalazwe

"Ekuqaleni kokheleka uhlobo oluthize lomcabango. Emva kwesikhathi kwase kunqwabelana eminingi imicabango, kulesi simo ngazizwela kuthi angenze ngqo njengemicabango yami... futhi le nto yenze-ka ngezigaba...uqale ubambeke...ngangilokhu ngilangazelela ukubika izinto ezichaza kabanzi ngocansi...ezikhombisa kahle ngezithombe...uze uzithole sezikuyise kude izithombe zabanqunu. Uma sezikubeke kude uye uzibuze ukuthi kazi uma usukwenza ngempela lokhu osuke ukufunda noma ukubuka uzokuthola kungaphezulu kwalokhu osuke ukufunda noma ukubuka." "Ukuzibandakanya nezithombe zabanqunu ezijule kabanzi, kuletha umthelela omubi ngokusobala wokugqilazeka... wokuba nodlame, wokuba umbulali nakho konke okubi...nami angikwazanga ukuzithiba kule nto..."

• Jeffrey Dahmer, Umbulalazwe

"Ngesikhathi sempu yaseMelika wathola imifanekiso yezithombe zabanqunu eJalimane, wase wachitha izigidi zemali kuzo. Waba ngumbulali owayenesihluku, ebulala masonto onke."

INKULULEKO



Yize kuwumqansa ukukhululwa ekugqilazweni izithombe zabanqunu, likhona ithemba!

Njengoba imicabango yakho isimoshekile futhi sekumele ibhidlizwe indlela ocabanga ngayo. Ngokwakha indlela yemicabango emisha emqondweni wakho, le emidala izoshabalala.

SITHI QHA KWIZITHOMBE ZABANQUNU

Sibhekana nenkinga yakho ngendlela ehlukile

032 481 5742



Umphakathi Okhathazekile

Concerned Young People of South Africa

032 481 5742

mail@cypsa.org.za

www.cypsa.org.za

IZITHOMBE ZABANQUNU

KANYE

NAWE



Concerned Young People of South Africa

Umphakathi Okhathazekile